


# UYAKUKHOLWA LOKHU NA?

 Futhi thina singakakhuleki, ngizathanda ukutsho lokhu, ukuthi ebusuku obedluleyo, ngikholwa bekuyibo, ngathi kwelinye inina, “Nxa ungenza njengokuba silayelwe ukuthi senze, ukuthi kuza...usane olulekhanda elilamanzi, kuzancipha.” Futhi ikhanda losane lancipha, izolo ebusuku, ingxenye eyodwa yeintshi ngokulinganisa ngentambo. Ngakho ikhosikazi limlethe lapha khathesi.

<sup>2</sup> Manje, isizatho ngikwenzile lokho, dadewethu, kulesizatho. Uyabo? Nxa ungabona into ebambekayo isenzakala, lokho kuzakwenza ukholo lwakho lwengeze ukuze uqhubeke ukukholwa khona. Kwesinye isikhathi ngiyakwenza lokho nje ukuba, mhlawumbe, njengokuthi ngicele umuntu asukume, anyathele kanye kumbe kabili, nyakaza isandla sakho, nyakazisa umunwe wakho, into nje abangayenza yahlukile, ukubenza nje babone ukuthi konke konke kuqondile. Bayethuka nje njalo bacabange akuyikwenzakala khona, kodwa kuyenzakala sonke isikhathi. Uyabo? Kumele kwenzeke.

<sup>3</sup> Bangaki abafuna ukukhunjulwa emthandazweni, manje? Lingaphakamisa izandla zenu bese lisithi, “Nkosi, siphe khona?” Asikhothamiseni amakhanda ethu.

<sup>4</sup> Nkosi, lapho sisizwa lingoma enhle kakhulu endala yebandla, eyabhalwa ngumngane wami oligugu, uPaul Rader, “Kholwa Kuphela,” sicabanga manje ngomfana, waletswa nguyise kubafundi, kungakedluli insuku ezilithumi ngemva kokuba uJesu ebaphe amandla wokuxotsha amadimoni loku silisa abagulayo, futhi nampa babelapha benqotshiwe ngokupheleleyo ngodaba lwesithuthwane. Futhi bayibona iNkosi yethu isiza. Futhi ubaba wagijima njalo wathi, “Nkosi, woba lesihawu kithi. Indodana yami ihlezi ihlukuluzwa lidimoni. Ngimlethe kubafundi Bakho futhi behlulekile ukumelapha.”

<sup>5</sup> UJesu wathi, “Ngiyenelisa, nxa ukholwa. Kholwa kuphela.” O Nkulunkulu, Awukatshintshi lakancane kusukela lapho: Ungofanayo nje othandayo, omnandi, lozwelayo uNkulunkulu. Njengoba wawunjalo ngale, unjalo Wena lamhlanje. Futhi Nkosi, njenga lowo baba, sonke siyakhala, “Nkosi, siza Wena ukungakholwa kwethu.” Kulula kakhulu; siyakhubeka phezu kwakho, Baba.

<sup>6</sup> Sifuna ukukupha Wena ukubonga lendumiso ngokuthinta lolo sane ebusuku obedluleyo, ukubona ukuthi lolo khakhayi, obeluvuvukile, okutsho ukuthi, ukuthi ithambo beseliphumele phandle, kwehle ngengxenye yeintshi ebusuku obedluleyo. Siyabonga ngalokho, Baba. Lapho sisazi ukuthi odokotela bethu

kabalalutho ekucubunguleni ngakho, kakulanto abangayenza ngakho lokho; kodwa Wena ulokhu unguNkulunkulu, iNkosi yezehlakalo zonke. Siyakubonga Wena, Baba. Siyakubonga Wena ngokwethembeka kuka mama lo, lobumnandi, loku lalela ngokuletha intambo njalo wayinamathisela kulesi siqephu sephepha, lapha, ukuze atshengise uzulu wonke ubufakazi bakhe kube yinkazimulo kaNkulunkulu. Makuthi omncane wakhe aphile futhi abengumntwana ophilileyo, okwenkazimulo Yakho.

<sup>7</sup> Khangela zonke lezo zandla eziphakanyisiweyo, Baba. Esinye lesinye sakhona silendingeko. Esami siphezulu, lami, Baba, ngile sidingo. Futhi nanzi ezinengi la, esimweni sencwadi kumbe kuleli bhokisi, balendingo, abantu sibili abalendingo. Kwenze kugcwaliseke, Nkosi, ukuba munye ngamunye amukele isicelo sakhe kulobu busuku. Mabathathe lobu bufakazi balumama njalo njenge sibonelo ukutshengisa ukuthi Wena ungatsho ulutho, kuphelile. Ku...Wena...Kuphela okufuze sikwenze yikwamukela khona futhi senze njengoba kutshiwo. Ngumsebenzi oqediweyo.

<sup>8</sup> Siphe, Nkosi, ukuze zonke zalezi ncwadi futhi lalezi zifinyo, labantu ezizabekwa phezu kwabo, mabaphiliswe. Wonke ophakamise isandla sakhe, Baba, mabathole okufunwa yinhliziyi yabo. Siyakucela khona, ngeBizo lika Jesu. Amen. Lingahlala phansi.

<sup>9</sup> Bengifuna nje ukulitshengisa intambo lapha, ikhosikazi eli (Nanko ke. Um-hum)...ukuthi ikhanda losane linciphile ngengokwethembisa kweNkosi kithi ngoMoya oNgcwele izolo ebusuku. Kamangalisi Yena na? Ngakho, kusipha isibindi esikhulu ukuba sethembe njalo sikholwe.

<sup>10</sup> Manje, lapho uJesu esithi kuleso sihlahlala, kuMakho 11:23, "Akula muntu ozadla kuwe kusukela khathesi," Kungabe Yena engamemezanga kakhulu. Ngani sengathi, ngokusobala, Yena wayeziphumulele ngakho, kwaze kwathi abafundi Bakhe nje... Ngicabanga omunye wabo wamuzwa Yena. Futhi kwa... Lapho leso sithuthwane, lapho sibuya phambi kwe Nkosi uJesu, umfana wabalesithuthwane angazake abe laso; mhlawumbe, wawela phansi sengathi ufule, kodwa wananzelela ukuthi uhlangane loMunye Owaye lokholo oluphakeme ukudlula labobapostoli.

<sup>11</sup> Manje, ngizathanda ukuba omunye obengakholwa ukusilisa kukaNkulunkulu akhangele lokhu. UJesu wayebaphe bona amandla okuxotsha imimoya, futhi babehlulekile. Hayi ukuba amandla ehluleka, kodwa bona behluleka. UJesu wabatshela:

"Kungani thina sehlulekile ukulixotsha?"

Yena wathi, "Ngenxa yokungakholwa kwenu."

<sup>12</sup> Ibandla lilokhu lilawo amandla. UNkulunkulu kazake asuse amandla Akhe ebandleni, kodwa ibandla kalila kukholwa okwaneleyo ukuthi liwasebenzise. Yikho kuphela. Kulula njalo

nje. Sizama kwesinye isikhathi ukukwenza kubenzima, kodwa lapho usenza kakhulu libe lula iVangeli, yikho othola uqobo olukhulu, lapho usiba lula sibili ngakho: UNkulunkulu watsho njalo; lokho kukuqedile; njalo yikho kuphela. Futhi nje kukholwe, qhubeka.

<sup>13</sup> Lapho uJesu esithi, “Akungabi lamuntu odla kuwe,” ngani, amahlamvu aye lokhu emahle njalo ebukeka njengokuba. Ixolo lakhangeleka lifana, kodwa kusehla phansi ngaphansi komhlabathi kulezo mpande, impilo yaqala ukutshabalala.

<sup>14</sup> Ngakho kunjalo phezu kwemvukuzane, phezu kulaloba yiwuphi umhlobo wesifo onga—ongafuna ukuthi usicabange. Lapho nxa ungamukela iLizwi likaNkulunkulu, phansi le ekujuleni empandeni, invukuzane ingabe ikhona; isandla sakho singabe silokhu somile. Lokho akulani lokwenza ngokusilisa kukaNkulunkulu. Yikuthi, “Nxa wena ungakholwa.” Uyabo? Phansi le kwenye indawo, sekuqalile ukusebenza kudala.

<sup>15</sup> UJesu wathi, “Ungathi kuli ntaba, ‘Suswa,’ futhi ungathandabuzi enhlizweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okutshiloyo kuzenzeka, ungathola lokho okukhulumileyo.” Akukuhle yini lokho? Lokho kwavela kubani? INdodana kaNkulunkulu, Akabani Amazwi. . . Izulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa manje. . . kodwa Amazwi Akhe angeke.

<sup>16</sup> Manje, indlela kuphela ongakwenza lokho, kumele ube lenhloso eqondileyo lesizatho esiqondileyo. Manje, nxa ngingaphuma phandle lapho futhi ngithi, “Ngizakutshengisa ukuthi ngingasusa lintaba, ‘Suswa, ntaba.’” Kayisoze isuke. Ngeqiniso ingeke. Loba mina ngilani. Kumele. . . Okokuqala kumele uthole intando kaNkulunkulu.

<sup>17</sup> Yiso isizatho, ngokujwayelekileyo edwendweni lokuthandazelwa, ngi—ngi ngithola okunzima kakhulu, kungenxa yento ehambe phakathi kwezindwendwe lokunjalo, futhi yikho lapho okuphenduka khona. Kodwa bona, nxa ulesono esingavunywanga. . . Wake wananzelela endabeni, ngingakaceli umoya omubi ukuthi usuke? Ngiyayikhangela leyo ndaba sibili kabanzi ukuba leqiniso ukuthi akulanto kuleyo mpilo engavimba loba yini, bona, ngoba khumbula, kulezi zipho, ungangena enkathazweni ngazo.

<sup>18</sup> UNkulunkulu, uyakhumbula kwesinye isikhathi, wanika umprofethi. . . wenza umprofethi ngomuntu, uMose, njalo wamtshela ukuthi ahambe ehle, akhulume edwaleni. Futhi umprofethi wathatheka, futhi waphuma, futhi watshaya idwala, kukhuluma ngobuthakathaka buka Khristu, ukuthi Yena uzamele afe okwesibili kumbe atshaywe okwesibili. Wayelawo amandla okuwaletha, kodwa kwakungasintando kaNkulunkulu.

<sup>19</sup> Kangisoze ngakholwa ukuba kwakuyi ntando kaNkulunkulu ukuthi uElisha ahambe ebhoda, ngoba

labo bantwana babemhoza ngokuthi yena ulempabanga, Angicabangi ukuthi kwakumele enze lokho. Kodwa wayengu mprofethi, futhi wazondiswa, njalo wabeka isithuko kulabo bantwana futhi amabhere amabili azinsikazi abulala amatshumi amane lambili abantwana abancinyane abangela cala. Uyabo? Kodwa angikholwa ukuthi kwakumele akwenze lokho. Futhi khona nje—nje. . . si. . .

<sup>20</sup> UNkulunkulu, ngiyakholwa lamhlanje, engakabeki Yena ibandla Lakhe emandleni, Yena uyalinga Elakhe ibandla ukuze abone ukuthi lizenzani.

<sup>21</sup> Thina. . . isikhathi esizayo, mhlawumbe, nxa iNkosi ithanda lapho ngingaphenduka, kuzamele sibe lesikhathi sokuhlala entweni enjengaleyo, entweni efuna ukwenzakala, futhi ke sizakwazi okunengi ngakho lapho.

<sup>22</sup> Kodwa nxa nje ungakhuluma ilizwi, uthi, “Nkosi, ngiyakukholwa khona,” ungathandabuzi, kutsho enhliziyweni yakho. . .

<sup>23</sup> Manje, sithi okwesibonelo, bengisesihotsheni, futhi angi. . . ngitshumayeza izigidi zabantu, kodwa phetsheya kwentaba ngale, kule qembu labantu abalikhulu, futhi bafa bengamazi uKhristu. Yebo, ngilesigidi lapha sokutshumayeza, kodwa ke, Into enhliziyweni yami iyangitshela, “Hamba phetsheya kulabobantu. Hamba kubo. Bayafa.” Ngokwami angifuni kuhamba, kodwa ke kuleNto phakathi kwami. Bona, lowo nguNkulunkulu lapho, ehamba. Bona ukuthi injongo yini, bona ukuthi isizatho sokuhamba ngesani, hayi okwami. . . Manje, nxa ngisithi, “Kahle. . .” Nxa injongo yami iqondile yokuya phetsheya ngale, kodwa ke ngivuke phezulu lapha futhi nansi intaba enkulu, Ngithi, “Uyakwazi, nxa ngingaya phetsheya kwaleyo ntaba futhi ngisize bonke labo bantu abalikhulu, kwelinye ilanga bazakuba lesithombe khona: Mfowethu Branham, isithunywa sevangeli esikhulu.” Manje, isizatho sami kasilunganga. Intaba kayiyi kuwa. Ngitsho, mnuzane.

<sup>24</sup> Kodwa lapho isizatho le njongo yami kuqondile, loNkulunkulu enhliziyweni yami engikhokhela, futhi ngingeke ngidlule phezu kwentaba, ngibhode intaba, ngaphansi kwentaba, mina ngizathi, “Ntaba, suka.” Mhlawumbe i. . . Lapho ngikutsho lokho, futhi ngikutsho nje ngilo mhlobo onjalo womoya oqondileyo, ngiholelwa nguMoya oNgwele, ngisentandweni kaNkulunkulu, kungabe kungela ngitsho kodwa isipunu esincinyane saleyo ntaba sikhithikela phansi, kodwa kusendleleni. Ilanga elilandelayo kungaba lamaphawundi amabili ekhithika. Elilandelayo ilanga ikota yethani. Futhi mhlawumbe sekulenyanga, kukhithike amathani amahlanu. Ini ngakho? Ungabe ungakuboni lakhathesi, kodwa iyatsheda,

isendleleni. Ngizahlala khonapho ngibone into isenziwa, ngoba uNkulunkulu watsho njalo futhi lokho kuqeda konke nje.

<sup>25</sup> Ungacabanga lokho ngomama wakho ngale kulobubusuku? Kulungile, nxa ungakucabanga khona, uzakusila. Kulungile. Kungukuthi nxa ukukholwa khona: khuluma ilizwi nje bese uhlala lalo. Uyabo? Kukholwe nje; ubambelele kukho. yiMpilo eNgapheliyo.

<sup>26</sup> Manje, kusasa emini...ngitshele uBilly, ebusuku, ayeqe amakhadi okuthandazelwa, futhi bengifuna ukukhuluma. Ngiyavuma, eqinisweni, bengilokhu ngihamba kusukela ngo Zibandlela, phetsheya, ngipheduka, ePhoenix, khona ngekhaya, ngibuyele, futhi konke kuphelele (ukudalula lokho) ngize ngibe buthakathaka ngize phose ngingazi lapho engimi khona kwesinye isikhathi. Kuphose nje kungitshayele phandle.

<sup>27</sup> Futhi ke, kumele ngisuke, futhi bona...lina—lina bazalwane linginxuse ukuba ngihlale ngapha ezinye izinsuku ezengeziweyo. Ngikuthakazelela kanjani lokho. Ngeqiniso ngicabanga ukuthi leli liqembu elimangalisayo labafundisi lapha. Ngifisa besingaba lesinye isikhathi esengeziweyo sokudlelana. Nxa iNkosi ithanda, ngizaphenduka kwesinye isikhathi. Kungela okunye, ngisuke nje kwelinye ibandla ngisiya kwelinye futhi ngibhode ngingena idolobho lonke njalo ngilivakatshele lonke. Ngingathanda ukwenza lokho: loba yini mina engingayenza ukunceda uMbuso kaNkulunkulu, okutsho ukuthi, nxa lifuna ngikwenze. Futhi lokuphenduka kwesinye isikhathi sihlanganyele lathi njalo sibe lomnandi, omuhle umhlangano kwenye indawo.

<sup>28</sup> Futhi likhumbule, bazalwane, ngizabe ngilithandazela. Yiyo into eliqiniso. Futhi ngifuna lonke lingithandazele, lonke lina.

<sup>29</sup> Futhi manje ngi—ngi...Kusasa ekuseni yizinkonzo zebandla kuwo wonke amabandla la amahle edolobheni jikelele.

<sup>30</sup> Manje, amanye amaqembu avela eJeffersonville akhona la. Abanye babangane bami, omunye wabaphathi bebandla lami, ukhona la, uMfowethu Fred Sothmann. Angizange ngikwanise ukumbona emhlanganweni. Futhi mfowethu...O, abanengi babangane bami abavela khona le eJeffersonville, owami owe... umabhalani wami la futhi—futhi bonke balapha, kwenye indawo phakathi komhlangano. Angikababoni okwakhathesi.

<sup>31</sup> Futhi bazalwane, kulamabandla akahle lapha edolobheni. Futhi lina lonke zethekeli, dingani elinye lawo njalo lihambe kuwo lawo mabandla kusasa. Azalenzela kuhle, ngileqiniso. Bangabazalwane abakholwa lumhlobo onje wentshumayelo. Yiso isizatho behlezi lapha kuplatifomu laphansi ezindaweni lapha, ngoba bayakukholwa khona. Futhi Ngiyawathakazelela lawo madoda.

<sup>32</sup> Nkosi, busisa lapha loluhlangothi lwaboSomabhezimusi beVangeli Eligcweleyo aba—abasekele lumhlangano. Kule...

ngiyakholwa lokho bekuqondile, abasekele umhlangano. Ngi—ngilabanengi abasekeli babo, ngoba phakathi lapho... Akumelanga sibe njalo, kodwa izikhathi ezinengi, abazalwane bavumele imahluko emncane: njengokuthi umuntu akholwe *okuthile* okuncane; okunye, okuncane *okuthile*; kungani kwenza ukungezwanani okuncane lezilonda ezakudala ezisukela emuva le; kumele ngabe sekwaphola ngalesi sikhathi, kodwa ku—ku... Futhi nxa wena, kumbe, nxa ngithola oSomabhizimusi beVangeli eLigcweleyo, ngakho lokho kungani kuyanceda ukukubopha, futhi sibendawonye, njalo sibe lokudlelana okuqotho ndawonye, izikhathi nje eziqotho ezinhle. Futhi siyakuthakazelela lokho. UNkulunkulu abusise lolo hlangothi. Ngiyakholwa iNkosi yayivusela isizatho.

<sup>33</sup> Manje... futhi ke ngaba lethuba elihle kakhulu leliya ilanga lokubona indawo ka Mfowethu uOral Roberts. Futhi minabo, inkalakatha yendawo enjengaleyo, into enjalo enhle. Yi—yi sikhumbuzo kuPentekhosti.

<sup>34</sup> Ngakho ngaya kwekaMfowethu Tommy Osborn, enye indawo enhle, umuntu omangalisayo kaNkulunkulu, owa... UMfowethu Tommy lami singabangane nje, futhi siyathandana, njalo loMfowethu uOral, futhi, abazalwane nje abathandanayo, futhi siyathandana, sizama ubungcono bethu ukusebenza konke esingakwenza kube ngokuhle kwabantu eMbusweni kaNkulunkulu.

<sup>35</sup> Ngakho ngiyawathakazelela lawa madoda belapha kulelidolobho phakathi kwamadoda lawo wonke akahle elilawo. Lina zimvu lilabelusi abamangalisayo. Ngiza nje, ngizakutsho njalo lokho. INkosi mayiqhubeke ilani lonke ngumthandazo wami. Futhi manje kusasa emini, ngi... Iqala sikhathi bani inkonzo, bazalwane? Two-thirty. Asithi one—one kumbe one-thirty kumele libe lapha ukuze bengaphazamisi ezinye izinkonzo.

<sup>36</sup> Manje, nxa abafana bebengakalitsheli, ebusuku lamuhla balamabhuku athile, imifanekiso lokunye, lamathephu, lamarekhodi, futhi... okwemihlangano, njalo bayawathengisa. Kodwa kasisoze sibavumele bawathengise ngeSabatha, kusasa. Akula mabhuku loba ini ezathengiswa kusasa. Ngakho kasisoze... kasikaze sikuvumele lokho. Loba abanengi bathi, “Uyaphambanisa kabi...”

<sup>37</sup> Futhi uBaba uBosworth omdala wayejwayele ukungitshela, “Oh, Mfowethu Branham, uphambanisile lapho,” kodwa yiyo indlela engizwa ngayo (Uyabo?), futhi ngi—ngizwa. Nxa ufuna okukodwa, bakunika okukodwa, kodwa nxa u... Kodwa asingeke sithengise nge—nge Sabatha. Hatshi. Yikho lokho. Nxa ngikukholwa lokho, kumele ngikuphile, nje... kumele ngiziphilele. Liya bona? Futhi ku—kumele ngiphile

ngokukholwa kwami futhi ngakho...Kumbe lingathumela ekhaya, futhi, khona endlini, endaweni ngale bese ukuthola.

<sup>38</sup> Manje lamuhla ebusuku, o, asikukhohlweni nje lokho sonke, o, ukuthi ukhona umsebenzi okwenziwa, kumbe okunye okuthile, kumbe ukutshikatshika kosuku. Asibekeni nje eceleni konke, bese sikhangelela eLizwini okwemzuzu emlutshwane, njalo sibone ukuthi uNkulunkulu uzakhulumani kithi ngeLizwi Lakhe. Futhi ngicela ukuthandaza ukuthi uNkulunkulu uzasipha nje isibusiso esikhulu kakhulu ebusuku lamuhla.

<sup>39</sup> Gene, ungangithumbela yena yini? Ungangithumbela linkazana encane yini? Kayisiyo nto enhle ebukekayo yini? Ungathanda ukuya ekhaya lami futhi udlale lo Sarah wami omcane, omude phose *okungaka*? O, ungathanda? Ngi—ngingathanda ukuthi ukwenze. Uphose nje alingane lawe, futhi uyintombi kaBaba encane. Um—hum. Hum. Futhi ngikubhejela lawe—lawe uyamthanda uBaba wakho futhi, awumthandi? UMama? O, ngeqiniso uyamthanda. Inkazana enhle kakhulu, ngihlezi lapha, ngiyikhangele. Amehlo amancane angani yizikhala ezimbili ezitshileyo engutsheni le—le nwele ezincane ezinsundu.

<sup>40</sup> Ngiyabathanda nje abantwana abancane. Ngilamankazana amabili amancane ngekhaya. Omunye wabo nguRebekah lomunye nguSarah.

<sup>41</sup> Lapha esikhathini esingasiside esedluleyo, ngangengekho. Bonke ngamankazana amancane kaBaba, uyazi, futhi ngiyabathanda. Futhi masinya ngingena kumele ngibathwale emhlane, futhi...kuphela uBecky sesiba mkhulu kakhulu kulokho; umkhulu njengami. Engephula umhlane wami manje; u... kodwa ulokhu eyinkazana encane kaBaba, kungelani. Futhi manje, phose omunye umnyaka, sifuna ukumngenisa esikolweni seBhayibhili kwenye indawo futhi khatshana lesikolo sikazulu wonke.

<sup>42</sup> Futhi ke, babe melele uBaba, uyazi, ukuthi abuye ekhaya. Bengiphumile ngiye emhlanganweni. Futhi kusasa ebusuku bazabe bemelele kuze kube phakathi kobusuku ukuze ngizame ukufika. Ngakho ke, ngafika sibili ekuseni kakhulu, phose ngama three kumbe four. Futhi umama weza emnyango wangingenisa, njalo ngangidinwe ngikhathele, Ng...lapha kuplatifomu, ng...lapho i...ugcotshiwe kuzwakala kuhle, kodwa nxa lokho kukutshiya kanye, yikho lapho ongena enkathazweni. Bangaki abake bakwazi lokho? Ngani, liqiniso kunjalo.

<sup>43</sup> Khangela. uElija wenyuka entabeni futhi wabiza umlilo waphuma ezulwini, wabiza izulu laphuma ezulwini, futhi ke lapho uMoya usumtshiyile, wazula enkangala izinsuku ezingamatshumi amane futhi uNkulunkulu wamfumana, wangena ebhalwini kwenye indawo.

44 UJona, wehla wahamba futhi wahlala ephila esiswini sensikabayitshiye okwamalanga amathathu lobusuku, wasekhafulelwa ekhunjini njalo wahamba ebhoda etshumayela. Idolobho lonke laphenduka futhi labuya kuNkulunkulu. Futhi lapho ugcobo solumtshiyile, waqansa phezu koqaqa wasecela uNkulunkulu ukuthi athathe impilo yakhe. Uyabo?

45 Ngimi eceleni kwengcwaba lika William Cowper, esikhathini esingaside esedluleyo, owabhala ingoma edumileyo esiyisebenzisa enkozweni yethu yesidlo:

Kukhona uMthombo ogwele iGazi,  
Elidonswe emthamnjani kaEmmanuel,  
Lapho izoni zagxunyuzwa ngaphansi  
komthombo . . .

46 Wake wezwa ukuthi wa . . . kwenzakalani kuye? Ngemva kokuba ukuholwa sokumtshiyile kulokho, wazama ukudinga umfula ukuze azibulale.

47 Ngihlala khona phetsheya kweKhaya Elidala leKentucky. Futhi uStephen Foster wapha iAmerica ingoma zayo ezinengi ezidumileyo zabantu. Futhi lapho ebhala, wayethola ukuholwa, lokho kuholwa, abhale ingoma, kuthi ke esephume kuyo, wayehamba ayedakwa. Ekucineni, wabiza inceku futhi wathatha ireza wazibulala.

48 Abantu abakwazi ukuthi labo bantu abaphila esigabeni sikamoya bahlangana lani. Manje *lapha*, uyezwa ingani ufuna ukususa intaba. Kodwa yekela ugcobo lusuke kuwe, futhi usuke uphume kulowo mnyango (nxa kungela omunye ozakubamba, bona) futhi ke, mhlawumbe okwamahola ambalwa, phose, kawukwazi ukuthi ungaphi. Futhi ke ubusuku ngobusuku, lokho kuthatha ubungcono bakho bonke.

49 Futhi omncinyane . . . Ngifuna ukulitshela ngo Sarah omncinyane loRebekah. Ngakho ukusa okwalandelayo, ngehluleka ukulala, futhi ngavuka, ngangihlezi esihlalweni, futhi ngemva kwesikhathshana uBecky, engomdala, waye—waye lenyawo enzinde kulezika Sarah, futhi ngakho uBecky wabuya egijima . . . wavuka, weqa waphuma embhedeni, engavusi udadewabo omncinyane, futhi nangu ebuya phakathi kwendlu, egijima ngamandla ngokwenelisa kwakhe. Wayesithi, “Baba, Baba . . .” Ngelula olunye lwezinyawo zami, futhi weqela kulo, ehlezi kuhle. Kungani kufana le—lebandla lamanje, uyazi, belise mdlalweni okwesikhathi eside, uyazi, okweminyaka engamakhulu athile. Wayezihlalele kuhle sibili, njalo wagoqela izandla zakhe kimi futhi wathi, “O, Baba wami, Baba wami . . .”

50 Futhi uSarah omncinyane, esiphithiphithini, wavuka. Kahleke, angazi kumbe abenu abantwana bayakwenza, kumbe hayi; abami bayakwenza: Omncinyane uyatshiyelwa izigqoko. Futhi ke uSarah wayegqoke amaphijama kaBecky, inyawo zizinde phose kangako, uyazi. Futhi nangu ke esiza, umngane



omncinyane omfitshane, esiwa, ekhubeka. Futhi ke wafika lapho, ephuze kancane. Ngakho uBecky watshibilika, wathi, “Sarah, dadewethu, ngifuna ukukutshela enye into.” Wathi, “Ngibelapha kuqala. Futhi ngilalo igunya. Ngakho ngilaye wonke uBaba futhi akula ngitsho okuseleyo kwakho.”

<sup>51</sup> Yiyo indlela abanye abantu abazama ukucabanga ngayo ngenkolo, angitsho? Uh-huh. Yikho kanye.

<sup>52</sup> Futhi uSarah omncinyane ohawulisayo, walengisa indebe yakhe encinyane, futhi lamehlo akhe amancinyane amnyama angikhangelana, futhi waqala ukukhala. Futhi uBecky eqamelise isihlathi sakhe kwesami, enganga. Ngiyamthanda. Futhi uSarah waqala ukusuka ngoba uBecky wayeloBaba wonke. Ngaguqisa elinye idolo laphuma *kanje* njalo ngakhombela kuye *kanjalo*. O, weqa masinyane futhi wagijima, weqela phezu kwedolo lami ngakho...Wayengekho okwesikhathi eside futhi lenyawo zakhe zazingafiki phansi. Wayengani uyagedezela (engxenye, njengami, ukugedezela nje kancane, uyazi), futhi kazange...kafikanga phansi. Wayengayisiyo inhlangothi enkulu, uyazi, futhi ngakho wayengeke afike phansi okuqine khona. Ubengazange abe khona okwesikhathi eside.

<sup>53</sup> Futhi ke, kwakungani uyagedezela, futhi ngaphosa zonke izandla ngakuye *kanje* futhi ngamanga wasondela duze kwami, futhi wacazimulisa lawo mehlo amancinyane amnyama, futhi wakhangelana emuva kuRebekah. Wathi, “Rebekah, dadewethu,” wa—wathi, “kungabe kuliqiniso ukuthi ulaye wonke uBaba, kodwa ngifuna ubekwazi into eyodwa: UBaba ulami ngokugcweleyo.” Ngakho...

<sup>54</sup> Yikho...Kanjalonje ke Yena elami ngokugcweleyo. Ngingabe ngingelayo imfundo yokwethula izinto ezinkulu, kodwa nje lapho ngisazi Yena ulami ngokupheleleyo, ekuxegaxegeni kwami, umvumele nje Yena angigoqele ngezandla zonke, kuzangenza nje ngizwe kuhle.

<sup>55</sup> Yebo, masinikele elinye ilizwi elincane lomthandazo Kuye singakavuli iLizwi.

<sup>56</sup> Manje, Baba oseZulwini, siyananzelela ukuthi lathi sinjengabantwana. Futhi—futhi Wena uyathanda ukuba lathi, njalo ukhonze lathi. Futhi lapho sikukhonza Wena, futhi Wena uyasithanda, futhi usibambe ezandleni Zakho, futhi uthumele phansi uMoya oNgcwele Wakho, futhi senze sazi ukuthi uyaphila Wena futhi unguBaba wethu, siyakubonga kakhulu Wena. Manje, yekela uMoya oNgcwele abuye phakathi kwethu ebusuku lobu. Thanda yonke inhliziyo, Nkosi. Siphe isibusiso esitsha. Thululela amathonsi amazolo esihawu phezu kwethu, Baba. Ungazikhangelani izono zethu. Zinengi kakhulu. Nkosi, zithethelele nje. Zeqe zona, Baba, futhi usithathe sibe ezandleni Zakho, futhi—futhi silisa imikhuhlane yethu, futhi—futhi hlambulula imiphefumulo yethu, futhi ukhulule imimoya

yethu, Nkosi, ukuze sikukhonze lokukudumisa Wena, sibe njengabantwana abancinyane begijima indlu yonke, sazi nje ukuba uBaba usikhangele. Siphe khona, Nkosi.

<sup>57</sup> Manje, akula muntu okwanisayo uku—uku humutsha iLizwi. Siyakunazelela lokho. UJohane wabona iBhuku lisesandleni sokudla saLowo owayehlezi esihlalweni, futhi kwakungela muntu ezulwini, kumbe emhlabeni, kumbe ngaphansi komhlaba owayefanele ukuthatha iBhuku ukuba alivule, kumbe ukuthukulula izimpawu. Futhi kweza iWundlu, elalihlatshiwe kusukela kusekelwa umhlaba. Futhi Yena wayefanele. Futhi Yena walithatha iBhuku, futhi wathukulula izimpawu, njalo wavula iBhuku. O Wundlu, woza kulobubusuku. Vula iBhuku kithi, Baba, lapho silindela Kuwe, ngoba sikucela eBizweni likaJesu, iWundlu likaNkulunkulu. Ameni.

<sup>58</sup> Ngikhethile, kulobubusuku, ivesi yoMbhala encinyane lapha yamabala amathathu. Kodwa okwakuqala ngifuna ukubala ivesi kumbe amabili kuJohane oNgcwele, isahluko 11 siqale kuvesi 23.

*UJesu wathi kuye, Umfowenu uzakuvuka njalo.*

*UMaritha wathi kuye, ngiyazi... uzakuvuka njalo ekuvukeni ngosuku lokucina.*

*UJesu wathi kuye, Ngiyikuvuka, le... mpilo: lowo okholwa kimi, loba efile, kodwa uzakuphila:*

*Futhi lophila njalo ekholwa kimi kasoze wafa. Uyakukholwa lokhu na?*

*Wathi kuye, Yebo, Nkosi: Ngiyakholwa ukuthi unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu, okumele abuye emhlabeni.*

<sup>59</sup> Futhi okombhala ngifisa ukusebenzisa la amabala amathathu: *UyakuKholwa Lokhu Na?*

<sup>60</sup> Ngabala indaba kwesinye isikhathi esedlulayo. Ngithemba kwakuyindaba yokubumbela. Futhi phose bonke abafundisi, ngiyalinganisa, babalile ibhuku lika Dr. Ingraham elithi—elithi *Induna Yendlu kaDavida*. Libhuku elikhulu. Li, ngiyacabanga, kalisadindwa futhi. Ngingathanda ukubalala lidindiwe, ukuze ngilise phakathi kwabantu.

<sup>61</sup> Futhi phakathi lapho, ngangibala indatshana encinyane ngaluLazalo, laphezu kukaJesu, loMaria, loMaritha, ukuthi, odadewabo bakaLazalo. Futhi Ngangibala phakathi lapho ukuthi yikho uJesu ayehlala khona, ngiyakholwa, loMaritha loMaria. Bonke babengamantombazana athandekayo esiHebheru. Futhi uLazalo wayefunda kumbe efundela ukuba ngumbhali ethempelini, ebhala izincwadi zomthetho esenzela abapristi.

<sup>62</sup> Futhi uJesu wayelokudlelana okukhulu, ikakhulu loLazalo. Lapho sibala ebhukwini ukuba Yena efika ekhaya labo, futhi

uMaritha waye ephuza kancane ukulalela amazwi Akhe, kodwa kwakumele alungise ukudla kwantambama lokulungisa itafula, kodwa uMaria wahlala enyaweni Zakhe. Futhi uJesu wathi uMaria ukhethe izinto ezingcono.

<sup>63</sup> Futhi ke, satshelwa ukuba uLazalo nguye owaletsa uJesu kuJohane, endabeni esebhukwini lika Dr. Ingraham, njalo... *kuNduna Yendlu KaDavida*. Kungenani, lokho kungabe kungesilo iqiniso, angikwazi, kodwa okwesisekelo sakho, kodwa Yena kucatsangelwa ukuthi wayehlala labo.

<sup>64</sup> Manje, besifunda kule ebuyayo, liviki edlulileyo, kumbe ngithi, ukuthi uJesu wathi kuJohane oNgcwele 5:19, “Mina... INdodana ayenzi lutho ngoKwayo, kodwa Yona ekubona uBaba ekwenza: lokho kwenziwa yiNdodana ngokufanayo. UBaba uyasebenza leNdodana iyasebenza njalo.” Uyabo? “Lokho Yena akubona uBaba ekwenza.”

<sup>65</sup> Ngakho ukukwenza lokho kube yindaba eqotho, uBaba, uNkulunkulu, wayefanele ukuba wakhuluma leNdodana Yakhe, uJesu, futhi wathi, “Umgane wakho, uLazalo, uzakufa, kodwa kuzabe kungokokuhle, ngakho suka Wena ekhaya. Uye khatshana, ngoba uzacelwa ukuba Wena umkhulekele, kumbe, umsilise, futhi—futhi angifuni Wena ukwenze lokho.” Nxa ungalandela indaba siqhubeka, uzabona kubutheleka kufike kuleloqiniso lalokho. Ngakho, uJesu, engela nje sixwayiso loba ini, wahamba khatshana lendlu futhi waya kwenye indawo, kaphendukanga ngalobo busuku. Futhi Yena waqonda kwamanye amadolobho. Futhi kwathi khonapho uJesu esuka ekhaya, uhlupho ke lwangena.

<sup>66</sup> Futhi lapho uJesu esuka ekhaya lakho, uhlupho luse ndloleni. Khumbula nje, lapho esuka ekhaya lakho, uhlupho lusendleleni. Lapho usiba lamasosayathi okuhlalisana lakho konke kusebenza ebandleni lakho ngokupheleleyo, njenge nkulu kakhulu iRickenbacker elamasilinda angamatshumi lesithupha, futhi ubusutshiya uJesu phandle kwakho, lapho uJesu esuka ebandleni lakho, uhlupho lusendleleni. Yebo, mnuzane, lapho uJesu etshiya inhlanganiso, ukuthi bayambeka eceleni Yena futhi bathi, “Kahle, manje nje thina asikholwa ukuba lezi izinto zingabe nje ziqondile kanye,” futhi lithathe okunye okuthile, uhlupho lusendleleni yalo. Kukhumbule nje lokho.

<sup>67</sup> Kuyangikhumbuza indaba yeNkosi uJesu, etholakala eBhukwini likaLukha. Uyazi lapho Yena nje engumfana oleminyaka elitshumi lambili ubudala, abantu Bakhe bamthatha Yena, njengomkhuba mnyaka wonke, ngale emkhosini wePhentekhosti. Futhi lapho besese mzini weJerusalema emkhosini njalo besiba lesikhathi esihle, sithola eBhayibhilini, ukuthi bahamba insuku ezintathu bengelaye Yena. Futhi ukuthi bona bacabanga mhlawumbe, bakuthatha kalula nje, ukuthi uJesu wayengaba phakathi kwezinye izihlobo zeduze. Manje,

angeke sikwenze lokho. Lapho sebebuya behamba phakathi kwezihlobo zabo ukuzodinga, Yena wayengekho.

<sup>68</sup> Futhi angeke sikuthathe kalula, ngoba nje singama Methodist, Baptisti, Presbyteriyeni, Phentekhosti, njalo lezisekolo zethu futhi labokhokho bethu babe ngamakholwa amakhulu, sikuthathe nje, yeboke izinsuku, kalula, uJesu ulathi. Angeke sikwenze lokho. Kumele sibe ngabaxhumana Laye nsuku zonke futhi wonke umzuzu. O, ngiyakuthanda lokho.

<sup>69</sup> Ngifuna lokho uNkulunkulu ayikho khathesi. Lokho abazali bami ababelakho, lokho okhokho bami ababelakho, kuyamangalisa, kodwa (Lokho ababelakho kuhle.) Ngicabanga thina sesiphambili emgwaqweni.

<sup>70</sup> Asiboneni lokho Yena ayikho lamhlanje. Angifuni ukukhangela emuva bese ngibona lokho okwenziwa nguMnu. Moody, ngoba siphambili emgwaqweni kulo Mnu. Moody. Uhlupho lwamabandla ethu: sikhangelana emuva besesisithi, “Kahle, asiboneni ukuthi uMnu. John Wesley wathini, ukuthi abanye babo bathini.” Yiso isizatho isayensi iphambili enkundleni yabo ukwedlula inkolo kweyayo.

<sup>71</sup> Lapha imnyaka engamakhulu amathathu edlulayo, owesayensi umFrentshi wafakazela ukuthi nxa ungangahamba ngesiqubu esesabekayo amamayila angamatshumi amahlanu ngehola, amandla okudonsela phansi azakususa emhlabeni. Ucabanga ukuthi isayensi ingakukhombela emuva kulokho lamhlanje? Bahamba amamayila angamakhulu alitshumi lesifamicamunwemunye ngehola futhi lokhu beqhubeke. Bayafuqa besiya phambili, bekhangele phambili. Kodwa thina sifuna ukukhangela emuva njalo sibone lokho uMoody akutshoyo; uSankey akutshoyo; uFinney akutshoyo; uKnox, uCalvin; abanye balabo. Abakutshoyo bona kwakuqondile konke. Lokho kwakungokwe sikhathi sabo, kodwa siyaqhubeka sihamba.

<sup>72</sup> Ubabamkhulu wami wagada inqola yenkabi. Ngitshayela iFord V8. Indodana yami izaphaphisa indizamtshina ijethi. Yikho, siya phambili. Yikho okufuze kube yinkolo. UkuBuya kweNkosi sekusondele. Ibandla kumele libeselihamba emandleni alo. Isayensi ingaqansa kangako futhi ke yona kufuze ikhithike iwe, kodwa thina silezinto ezingakabanjwa, ezingakaze zithintwe, okwamandla, angelakulinganiswa, kaNkulunkulu, okumele thina nga siya kuwo. Siphila izigidi zama mayila ngaphansi kwamathuba ethu ngalobubusuku, okwamathuba okuthi nga amaKhristu ayawakholisa. Ngizwa ngiyangeka lapho ngikhangela phandle lapha futhi ngibone izinhlanganiso, njalo lemikhuhlane, futhi lenhlupheko ezenzakala khona khathesi. Ibandla lethu kumele nga lihamba esitaladeni, lililisa abagulayo, livusa abafuleyo, lixotsha amadimoni, lisenza izibonakaliso lezimanga, lisenza umhlaba

wonke ubone ukuthi uJesu Khristu uyaphila. Yikho lokho okufuze sibe sikwenza.

<sup>73</sup> Yindaba, wena uthi, “UMnu. Moody kazange . . .” UMnu. Moody wayengaphili kulolu usuku. Yikho sibili. Thina siphila ekuBuyeni kweNkosi. Futhi sikuthethe kalula ukuthi Yena wayele zihlobo zethu zeduze. Kodwa ngelinye ilanga lapho umphikisi waphikisana loMnu. Graham, sathola ukuthi Yena wayengekho ezihlotsheni zethu zeduze.

<sup>74</sup> Bamthola ngaphi Yena? Bamthola—bamthola ngaphi uJesu? Khona lapho ababemtshiye khona Yena. Babemtshiye ngaphi Yena? Emkhosini wePhentekhosti. Thina simtshiya ngaphi uJesu, lamtshiya ngaphi ibandla? Emkhosini wePhentekhosti. Lapho sisuka esikhathini samandla lawo amadala ePhentekhosti lemkhosini wePhentekhosti, siyasuka kuJesu. Yikho sibili, mngane. Siphila ngaphansi kwamathuba ethu. Yebo, mnuzane.

<sup>75</sup> Bamtshiya Yena emkhosini wePhentekhosti, futhi yiyo kuphela indawo iMethodisti, iBhaptisti, iPresbyterian, lama Phentekhosti azafa amthola khona Yena, yikubuyela lapho amtshiya khona Yena. Ingaphi injabulo yeNkosi? Angaphi amandla eNkosi? Ibandla liyabuza lamhlanje, “Kuyini—kuyini okwenzakalayo kuNkulunkulu wembali?” Yena umelele abantu Bakhe ukuthi bambizele enkundleni. Kodwa i . . .

<sup>76</sup> Angeke sikwenze ngezinhlanganiso. Angeke sikwenze ngaphansi kokusebenzisa ingqondo. Angeke sikwenze ngaphansi kwesamu, kumbe angeke sikwenze ngemfundo. Thina siyabandlululana ngokwethu, sizehlukanise ngokwethu. Thina kasehlukananga. Thina singumuntu munye sibili kuKhristu Jesu. Thina sonke simunye kuKhristu, futhi inhlanganiso zethu kazisoze zafa zakwenza. Zizinhle zinjalo, kazisoze zikwenze. Imfundo yethu yisikhubekiso esikhulu iVangeli elake laba laso, imfundo.

<sup>77</sup> Thina esikufunayo kayisiyo mfundo. Sifuna amandla lokubonakaliswa kuka Moya oNgcwele kuphenduke ebandleni ukuzobonakalisa amandla. UJesu kazange athi, “Hambani emhlabeni wonke njalo—njalo lifundise.” Kazange athi, “Hambani emhlabeni wonke futhi lenze . . .” Yena wathi, “Hambani emhlabeni wonke litshumayele iVangeli.” Futhi iVangeli yiku bonakalisa amandla kaMoya oNgcwele, ukuvuka kwabafileyo. Silokhu sisasilalele ngama mayila ayizigidi kulokho okumele sibe yikho. Kasihambeni siye phambili. Asibuyeleni emuva lapho esamtshiya khona Yena emkhosini wePhentekhosti.

<sup>78</sup> UJesu wathi, kuJohane, ngiyakholwa, isahluko 15, Yena wathi, “Mina nginguMvini; lina lizingatsha.” Kahle manje, nxa lowo Mvini ukhipha ugatsha lwakuqala, futhi kulolo gatsha kwalotshwa iBhuku leMisebenzi, ugatsha lwesibili luzenza elinye iBhuku leMisebenzi. Ugatsha lwesithathu

luzakwenza elinye iBhuku leMisebenzi. Futhi lonke ugatsha oluphuma kulowo Mvini luzafana njengalokho okwakulugatsha lwakuqala.

<sup>79</sup> Manje, unga xhumelela, siyakwazi lokho. Ngibone isihlahla sohlobo lwe wolintshi silezithelo phose imihlobo eyisificamunwembili ezehlukenyo kuso. Ngibone isihlahla se olintshi siletha amagrephufruthu, lama lemoni, njalo lakho konke kukhona kuso, kodwa zazixhunyelelwe phakathi.

<sup>80</sup> Yilo uhlupho lamhlanje. Sixhumelele imiqondo yethu, saxhumelela phakathi inhlanganiso zethu, kodwa nxa lesi sikhlahla singa lethu esinye isithelo somvini, ngokwaso, sizakuba njengalezo ezakuqala ezangena kuso. Haleluya! O, ibandla lizaxubana ndawonye, kodwa sifuna amandla akuqala. Thina sifuna uMoya oNgcwele, amandla okuvuka kuka Jesu Khristu. Yikho asitshela Yena ukuthi sikwenze.

